I-KwaZulu-Natal Performing Arts Company
Yamenyezelwa ngokwesigaba 3(1) soMthetho Wezikhungo Zezamasiko, we-1998 (uMthetho No.119 we-1998) mhla lulu-1 kuMbasa wezi-2003
PO Box 5353, DURBAN, 4000, 29 Acutt Street, DURBAN, 4001, KwaZulu-Natal, South Africa
Ucingo: (031) 3699555, iFeksi: (031) 306 2166, Production Services Mayville, Ucingo (031) 208 4171 iFeksi: (031) 208 4162
i-imeyli: info@playhousecompany.com; http://www.playhousecompany.com

I-THE PLAYHOUSE COMPANY

ISIMEMO SETHENDA – Inkomba: PHC 42/2015:

Umsebenzi okumele wenziwe eNhlokohhovisi–Ukulungiswa kanye Nokwengezwa kwezinto ezithile eNdaweni Yokwamukela Izivakashi evele ikhona e-Playhouse ku- 29 Acutt Street, eThekwini.

I-The Playhouse Company yiSikhungo Sezamasiko esibhaliswe ngokweSigaba 3(1) soMthetho Wezikhungo Zezamasiko, we-1998 ukuze sikhuthaze ezobuCiko Namasiko KwaZulu-Natali.

Imiqulu yethenda izotholakala kusukela mhla ziyi-**13 kuLwezi wezi-2015** emahhovisi aku-29 Acutt Street ngenani lemali engama-R350 engabuyeli emuva, okumele ikhokhwe ku-Sudesh Harilal (ucingo olungena kuye ngqo ngu-ext 9443)

Usuku lokuvala ukuthunyelwa kwamaphepha ethenda asegcwalisiwe ngumhla ziyi-**14 kuZibandlela wezi- 2015 ngehora le- 11h00**. Amaphepha ayothunyelwa sekwedlule isikhathi angeke emukelwe. Amaphepha kumele afakwe emvilophini evaleke ngci bese ethunyelwa koyiSikhulu Esiphezulu kuleli kheli elingenhla.

Kuzoba nomhlangano oyimpoqo wokubonwa kwendawo okuzokwenziwa kuyo umsebenzi mhla zingama- **20 kuLwezi wezi-2015 ngehora le-10 ekuseni** emahhovisi aku-231 Anton Lembede Street, eThekwini lapho abafake izicelo zethenda bezokwazi khona ukuzibonela futhi bazizwele ngomsebenzi okumele wenziwe.

Umsebenzi ozokwenziwa uzobandakanya nalokhu okulandelayo*:*

- Ukususwa kukasilingi ovele ukhona, ukuqedelelwa kwephansi, ukupendwa kwezindonga nokumbozwa kwezindonga ukuze kuxetshulwe usilingi okhona kanjalo nokufakela omusha.
- Ukushiya indawo ezovumela ukuba kufakwe izinto zikagesi kanye ne-HVAC ukuze zihambisane nemigudu kagesi evele isebenza.
- Ukuvula indawo ezovumela ukuba kufakwe i-lift entsha kanye neminyango yokungena.
- Ukuvula indawo ezovumela ukuba kufakwe okokuhlala kanye nezimpawu.

Okunye okudingekayo

- Osonkontileka kumele babe nabasebenzi abaqhamuka ezindaweni ezahlukene ngokulinganayo
- Osonkontileka kumele babe namava maqondana nomsebenzi obucayi wokulungisa kanye nokwakha kabusha kubukeke kangcono
- Kuphoqelekile ukuthi kube ngosonkontileka abasesigabeni se-CIDB ezingeni elingu- 3GB noma ngaphezulu
- Siyadingeka iSitifiketi se-BEE
- ISitifiketi Sokukhokhwa Kwentela (Tax Clearance certificate) esingeyona ikhophi siphoqelekile
- I-The Playhouse Company ayiphoqelekile ukuba ithathe obhide ngentengo ephansi kakhulu kunabanye.

Uma unemibuzo ungaxhumana noNk. K Khan, enombolweni yocingo ethi-: 031 – 369 9425 noma ku:kayk@playhousecompany.com kumbe uMnu. Prakasen Govender, enombolweni yocingo ethi: 031-584 7200 noma ku: prak@pgaarchitects.co.za